an agency of the
Department of Sport, Arts & Culture
The KwaZulu-Natal Performing Arts Company
Declared in terms of section 3(1) of the Cultural Institutions Act, 1998(Act No 119 of 1998) on 01 April 2003
PO Box 5353, DURBAN, 4000, 29 Acutt Street, DURBAN, 4001, KwaZulu-Natal, South Africa
Tel: (031) 3699555, Fax: (031) 306 2166, Production Services Mayville, Tel (031) 208 4171 Fax: (031) 208 4162
http://www.playhousecompany.com

**I- THE PLAYHOUSE COMPANY**
**ISIMEMO SOKULETHWA KWEZILINGANISO ZAMANANI OKUHLINZEKA IMISEBENZI**

**UKUSHINTSHA IZIHLALO EZIKHONA ETHIYETHA KUFAKWE EZINTSHA KUMATHIYETHA E-OPERA NE-DRAMA ASE- PLAYHOUSE COMPANY, ETHEKWINI.**

**INOMBOLO EYINKOMBA: PHC73/2022**

I-The Playhouse Company yiNkampani Yezobuciko erejistwe ngokweSigaba 3(1) soMthetho Wezikhungo Zezamasiko, we-1998, ukugqugquzela ezobuCiko Namasiko KwaZulu- Natali.

Imininingwane yomsebenzi ozohlinzekwa ibandakanya okunye kwalokhu okulandelayo:

- Ukukhipha izihlalo ezikhona emathiyetha e-Opera ne-Drama bese kufakwe ezintsha;
- Izihlalo ezintsha ethiyetha ye-Opera kumele zibe yi-1250.
- Izihlalo ezintsha ethiyetha ye-Drama kumele zibe ngama-480.
- Uhlobo lwendwangu okwakhiwe ngazo izihlalo ezintsha kumele ibe nesibulalimagciwane (indwangu eyi-microbial);
- Imibala yendwangu kanye nesampula lendwangu eyi-microbial kuyokwethulwa esithangamini sethenda;
- Ingemuva nengaphansi leziihlalo kufanele kwakhiwe ngohlobo lwe-timber esezingeni eliphezulu;
- Ababhidela ithenda asebedlulele esigabeni sabangahle bakulungele ukuhlinzeka ngezihlalo bayocelwa ukuthi bethule isampula eliphelele lesihlalo esihlongozwayo elihlangabezana nemibandela ebekiwe futhi elihambisana nemininingwane eyengeziwe etholakale emhlanganweni ophoqelekile wokuhlola indawo.

**Okudingekayo kubalwe lapha ngezansi:**

- Ukuthi urejistile ohlwini lwabahlinzekimsebenzi oluyisizinda jikelele lukaMgcinimafa kaZwelonke (C.S.D)
- Kuphoqelekile ukuthi ube nesitifiketi esisemthethweni esiqinisekisa ukuthi uyayikhokha intela (valid Tax Clearance certificate) noma inombolomfihlo (pin) owayithola ka- SARS.
- Umbiko Wokucwaningwa kwezitatimende zezimali weminyaka emi-3 edlule osanda kwenziwa
- Izilinganiso zamanani okwenza le misebenzi kumele zilethwe mathupha kuleli kheli elibalulwe lapha ngezansi.

A
Amaphepha amathenda ayatholakala eNhlokohhovisi yase-- The Playhouse Company, ku-29 Acutt Street ngehora **le-10h00** mhla zingama-**19 kuNcwaba wezi-2022.** Ukuze ukwazi ukuthola amaphepha ethenda kudingeka ukhokhe imali engukheshi engu- R 350 ongayukubuyiselwa yona kuMnu. Sudesh Harilal (ext. 9443).

Kuzoba nomhlangano ophoqelekile wokwaziswa ngemininingwane yethenda **mhla zizi-26 kuNcwaba wezi-2022 ngehora le-10h00** ekuseni khona e-The Playhouse Company,ku- 231 Anton Lembede Street, eThekwini, egunjini i-Opera thiyetha.

**Usuku lokuvala l**okulethwa kwamathenda ngumhla zingama-**20 kuMandulo wezi-2022** ngo-**11h00 ekuseni.** Angeke zibhekwe izethulo zamathenda ezilethwe sekudlule isikhathi. Izethulo kumele zilethwe zifakwe ephaketheni/ emvilophini ebhalwe ngokucacile, yavalwa; zibhekiswe koyiSikhulu Esiphezulu bese zifakwa ebhokisini lamathenda elifanele elise -The Playhouse Company, 29 Acutt Street, Durban 4001.

